

NO. R. 1276


17 NOVEMBER 2017

UMNYANGO WEZABASEBENZI

UMTHETHOSIVIVINYWA OCHIBIYELA UMTHETHO WOBUDLELWANO
KWEZABASEBENZI, 2017UMTHETHOSIVIVINYWA OCHIBIYELA UMTHETHO WOKUQASHA
NGOKULINGANA, 2017

UMTHETHOSIVIVINYWA WE NATIONAL MINIMUM WAGE, 2017

1. Mina, NELISIWE MILDRED OLIPHANT, Ungqongqoshe wezabaseSebenzi lapha ngazisa ngezichibiyelo ezihlongozwayo eMthethweni Wobudlelwano KwezemiSebenzi, 1995, uMthetho Wezimiso Eziyisisekelo Emsebenzini, 1997, uMthetho we National Minimum Wage, 2017, ukuze abantu bonke babe nolwazi futhi babeke imiqondo yabo.
2. Ngazisa futhi nge Socio-Economic Impact Assessments (SEIAS) mayelana nemithethosivivinywa ukuze wonke umuntu abe nolwazi ngayo.
3. Ukulethwa kwezikhalo:
 - a. Bonke labo abathintekayo bamenywa ukuba balethe amazwi okubeka imiqondo abhaliwe ngalemithethosivivinywa ehlongozwayo.
 - b. Lawo mazwi okubeka imiqondo kufanele athunyelwe ngeposi kuMnumzane Thembinkosi Mkalipi, Umnyango WezabaseSebenzi, Isikhwama Seposi X 117, Pretoria, noma bathumele ngefekisi ku (012) 309-4156 noma bathumele nge imeyili ku Thembinkosi.Mkalipi@labour.gov.za noma ku ian.macun@labour.gov.za
 - c. Amazwi okubeka imiqondo kufanele afike eMnyangweni WezabaseSebenzi ungakadluli umhlaka **30 kuLwezi 2017.**


.....
M N OLIPHANT, MP
UNGQONGQOSHE WEZABASEBENZI
DATE: 02/11/2017